**Umsebenzi 1**

Lalela inkulumo eyethulwa yisakhamuzi esingu Mnu Mkhize, endaweni okuhlanganelwa kuyo edolobheni.

Phendula imibuzo elandelayo ngokufaka uphawu (✓) ebhokisini elifanele eliseceleni kwesitatimende ukukhombisa ukuthi **siliqiniso** noma **akusilo**.

Uzoyizwa kabili le nkulumo.

Uzonikwa ithuba lokufundisisa imibuzo kuqala.

| | | **Iqiniso** | **Akusilo** | |
|---|---|---|---|---|
| **1** | UMnumzane Mkhize ukhalaza ngabashayeli abahlangana eQashana Park bazodla amadonathi babange nomsindo. | ☐ | ☐ | [1] |
| **2** | Umshayeli wemoto ewuhlobo lwegalofu ebovu ufake isikhalazo ngokusemthethweni ngesixwayiso asithole sivela emaphoyiseni. | ☐ | ☐ | [1] |
| **3** | Isakhamuzi asikholelwa ekutheni amahampu okulawula isivinini azosiza ukuyekisa ukushayela okuyingozi edolobheni. | ☐ | ☐ | [1] |
| **4** | Owesifazane owaphendula ucingo zingama-30 kuSeptemba akakwazanga ukusiza owayeshaya ucingo. | ☐ | ☐ | [1] |
| **5** | Eyodwa yamaBMW amane yacishe yashayisa imoto eyayiphambana nayo. | ☐ | ☐ | [1] |
| **6** | UMnumzane Mkhize ukholelwa ekutheni Umnyango Wezokuthutha isikhathi esiningi, ugade abashayeli kwezinye izingxenye zedolobha. | ☐ | ☐ | [1] |

[Amamaki: 6]

© UCLES 2017

https://xtremepape.rs/

**Umsebenzi 2**

Lalela ingxoxo noNosihle ongungoti wolimi lokukhuluma lwezandla.

Phendula umbuzo ngamunye ngokufaka uphawu (✓) ebhokisini eliseceleni nempendulo ocabanga ukuthi yiyona yona, u**A**, **B**, **C** noma u**D**.

Uzoyizwa kabili le ngxoxo.

Uzonikezwa ithuba lokufundisisa imibuzo kuqala.

**7** NgokukaNosihle

**A** abantwana abangezwa ezindlebeni baqala ukufunda ulimi lokukhuluma ngezandla beneminyaka eyi-6.

**B** kumele bonke abantwana ezweni baqale ukufunda ulimi lokukhuluma ngezandla beneminyaka eyi-6.

**C** abantwana abangezwa ezindlebeni kumele baqale ukufunda ulimi lokukhuluma ngezandla ngaphambi kokungena esikoleni.

**D** bonke abantwana baqala ukufunda ulimi lokukhuluma ngezandla ngaphambi kokungena esikoleni. [1]

**8** UNosihle ukholelwa ukuthi abazali

**A** banengcindezi yokungakwazi ukukhuluma kahle nabantwana babo abangezwa ezindlebeni.

**B** banokungabaza ukufunda ulimi lokukhuluma ngezandla ukuze bakhulume nabantwana babo abangezwa.

**C** bazi kabanzi ngezikole ezikwazi ukufundisa abantwana abangezwa ezindlebeni.

**D** bathola ulwazi olwanele kanye nosizo lwezimali oluvela kuhulumeni ukuze bafunde ulimi lokukhuluma ngezandla. [1]

**9** UNosihle ukholelwa wukuthi

**A** abantwana abangezwa ezindlebeni nabezwayo kumele bafunde ndawonye kodwa izikole azinazo izinsiza ezifanele ukukwenza lokhu.

**B** abantwana abangezwa ezindlebeni nabezwayo kumele bafunde ndawonye kodwa akubonakali ukuthi kuyoke kwenzeke lokhu.

**C** abantwana abangezwa emadlebeni nabezwayo kumele bafundiswe ngokuhlukana kuze kufike isikhathi lapho abangezwa sebefundiswe ulimi lokukhuluma ngezandla.

**D** abantwana abangezwa ezindlebeni nabezwayo kumele bafundiswe ngokuhlukana kuze kufundiswe abantwana abazwayo ukusebenzisa ulimi lokukhuluma ngezandla. [1]



https://xtremepape.rs/

**10** UNosihle

**A** waba nentshisekelo yokufunda ulimi lokukhuluma ngezandla esekhulile.

**B** ekuqaleni wayefuna ukufunda ulimi lokukhuluma ngezandla ukuze akwazi ukukhuluma nendodakazi yakhe engezwa.

**C** wayehlale enalo uthando lokufunda kabanzi ngolimi lokukhuluma ngezandla kodwa usithole manje isikhathi sokulufunda.

**D** unendaba kuphela nokuqhathanisa ukuthi abantu baseNingizimu Afrika balusebenzisa kanjani ulimi lokukhuluma ngezandla. [1]

**11** NgokukaNosihle

**A** abasebenzi bezempilo kumele bazame ukulwazi kahle lolu limi njengabazali bezingane ezingezwa.

**B** bonke abasebenzi bezempilo kumele bafunde ulimi lokukhuluma ngezandla ngokungakhethi ukuthi bangonesi noma odokotela.

**C** odokotela akumele bafunde ulimi lokukhuluma ngezandla uma abahlengikazi belwazi lolu limi ngoba bona abanaso isikhathi sokulufunda kahle.

**D** abahlengikazi akumele bafunde ulimi lokukhuluma ngezandla uma odokotela belwazi lolu limi ngoba bona abanaso isikhathi sokulifunda kahle. [1]

[Amamaki: 5]



https://xtremepape.rs/

**Umsebenzi 3**

Lalela ingxoxo emayelana nokusetshenziswa kukagesi noMnumzane Sosibo osebenza kwamasipala.

Gcwalisa amanothi alahlekile ezikhaleni **ngesiZulu**.

Uzoyizwa kabili le nkulumo.

Uzonikwa ithuba lokufundisisa kahle imibuzo.

**Umbuzo 12**

Amasu okonga ugesi:

1 Yenza imisebenzi eminingi uma sekuhlwile

2 .................................................................................................................................. [1]

3 Ungapulaki izinto eziningi kakhulu ngesikhathi esisodwa

Izinto zikagesi ezisebenzisa ugesi omningi:

1 isitofu

2 ihitha

3 .................................................................................................................................. [1]

Indlela engcono yokonga ugesi: ................................................................................ [1]

Umklomelo ophuma kumasipala ngokusebenzisa amalambu onga ugesi:
isaphulelo/ukwehiswa kwesikweletu sikagesi
noma

.................................................................................................................................. [1]

Amasu okonga ugesi ngegiza yakho:

1 .................................................................................................................................. [1]

2 .................................................................................................................................. [1]

Izinkinga ezinkulu zikagesi oxhunywe ngokungemthetho:

1 kuyingozi ukuwusebenzisa

2 ukunqamuka kukagesi (ikakhulu ngezikhathi zebhizi)

3 amabhizinisi alahlekelwa yimali eningi

4 .................................................................................................................................. [1]

5 .................................................................................................................................. [1]

[Amamaki: 8]

© UCLES 2017


https://xtremepape.rs/

**Umsebenzi 4**

Lalela le ngxoxo nothisha emayelana nohambo lwaphesheya nabafundi, bese uphendula imibuzo ezolandela ngezansi **ngesiZulu**.

Uzoyizwa kabili le ngxoxo.

Uzothola ithuba lokufunda imibuzo kuqala.

**13** Wayeqonde ukubafundisani abafundi bakhe uMbalenhle ngohambo lwaphesheya?

.......................................................................................................................................

.......................................................................................................................................[1]

**14** Kwakungumsebenzi kabani ukuhlela amabhanoyi?

.......................................................................................................................................

.......................................................................................................................................[1]

**15** Zisitshelani izimpendulo ze-quiz ezatholwa nguMbalenhle?

.......................................................................................................................................

.......................................................................................................................................[1]

**16** Babenjani abazali uma beqhathaniswa nabantwana ngaphambi kohambo?

.......................................................................................................................................

.......................................................................................................................................[1]

**17** Chaza ukuthi uMbalenhle wabona kanjani ukuthi abantwana abakhululekile eDubai?

.......................................................................................................................................

.......................................................................................................................................

.......................................................................................................................................[2]

**18** Yini eyenza uMbalenhle azizwele ekhululekile emva kwamahora amabili eDubai?

.......................................................................................................................................

.......................................................................................................................................[1]



https://xtremepape.rs/

